


SMALL-SCALE
FISHERS



Sesihambe ibanga ELINZIMA NELIDE

Cishe iminyaka elishumi, sakhankasela inqubomgomo ezoletha inzuzo kubadobi abadobela ukuziphilisa. Saya enkantolo, sabhikisha, saba yimbumba saphinda sakhuluma nohulumeni. Ngonyaka odlule kuNhlanguvana, iKhabhinethi lagcina livumile ukuqhamuka nenqubomgomo ezoletha uguquko oluzokwenza ngcono izimpilo zabadobi abadobela ukuziphilisa ezweni lilonke.

Izinzuzo zenqubomgomo entsha zibandakanya:

- Ukwaziswa ngokusemthethweni kwemiphakathi edobayo.
- Isinyathelo sokuba namalungelo okudoba ayiqoqo, agudlukayo kulawo avuna abathile bese akhiphe nyumbazane iningi.
- Ukuczwa kwezindawo zokudoba ezikhethiwe zabadobi abadobela ukuziphilisa, lapho bezokwazi ukubamba uhlobo lwezinhlanzi olwahlukahlukene unyaka wonke. Ithuba lokungenisa imali yokuziphilisa lizoba ngcono. Izinkampni ezinkulu ezidobela ukungenisa imali azizukuvunyelwa ukuthi zidobe kule ndawo.
- Ukulawulwa kwezinsiza zasolwandle okungcono nokulondekayo.

AMALUNGELO AYIQOOO


Loku kuzobandakanya indlela entsha egquguzela ukusebenzisana kunokuncintisana nokuxabana

Kuze kube yimanje, bekusetshenziswa uhlelo olubizwa nge-Individual Transferable Quotas (ITQs). Le ndlela inezinkinga eziningi.

- Amaphesenti amancane abafakizicelo (cishe ama-10%) athola ama-ITQ ngendlela eyimpumelelo. Abangama-700 kubafakizicelo abayizi-7000 abaphumelela ngowezi-2004.
- Abantu abasha abangena ezimakethe badayisela omakadebebona ezimakethe ama-quotas abo. Loku kushayisana noguquko oluyilonalona embonini.
- Amalungu omphakathi kanye nemindeni yayo kufanele incintisane ukuze ithole amathuba kunokuba asebenzisane.

Indlela yamalungelo ayiqoqo, kwelinye icala, ifuna kusetshenziswane kunokuba kuncintiswane. Amalungu omphakathi azoba nerejista njengeqembu. Loku kuzosibeka ezingeni elizosifinyelelisa emalini yokuqala ibhizinisi esingayisebenzisela ukuthola impahla edingekayo engcono, impahla yokudoba kanye nezikhungo zokugcina impahla. Singasebenzisa amandla ethu njengeqembu ukuze sifinyelele entengweni engcono nezimakethe.

Uma sesiqale ibhizinisi ngokomthetho (noma ngabe elinhloboni), amalungu azokwazi ukube sethubeni lokuthola i-UIF, ukungenela ama-medical schemes bese azuze ezinhlelweni



SMALL-SCALE
FISHERS



Manje sekuyisikhathi sokwenza UMSEBENZI

Uhulumeni uqhamuke nohlelo lokwenza lo msebenzi. Kufanele siyilungele ngokuphelele le nqubo. U-Norton Dowries, umholi we-Coastal Links wase-Langebaan, usisonga kahle lesi simo

"Ekugcineni sesinenqubomgono yethu. Kusithathe iminyaka eli-10, kodwa bekufanele. Bonke ubuhlungu nenhlupheko. Manje ukwenziwa kwenqubomgomo kufanele kuqondwe bese kwenziwe ngokuphelele nangendlela efanele ezingeni laphansi. Abaholi bethu basemakhaya kufanele badlulisele umyalezo kumalungu ngendlela abayiqonda kahle. Abaholi bethu be-Coastal Links kufanele bathembeke, bashabasheke futhi bazibophezele."

Silindele uhulumeni ukuthi asebenze ngesivini, ukuthi afeze isethembiso sakhe. Futhi sizobabuza ngaloku.

Kodwa sidinga nokuqonda imithwalo yethu. Kufanele sazi ukuthi kufanele senzeni ukuze sigcwalise igxathu lokugcina ngempumelelo.

Kufanele sisebenze ngokubambisana ukuze siqinisekise okulandelayo:

- Ukuthi sisebenza ngokubambisana hhayi ngendlela ezodicilela omunye phansi.
- Ukuthi sithuthukisa amakhono asivumela ukuthi sakhe izakhiwo ezihlanganisayo.
- Ukuthi silwisana nokuzingela ngokungemthetho ngokuphelele.
- Ukuthi sidoba ngokucophelela ngokuthi singabambi izinhlanzi ezincane noma ezingaphezu komkhawulo ovumelekile.
- Ukuthi silandela imiyalelo kanye nemigomo yezimvume.
- Ukuthi silungisa bese sethule imibiko eyiyonayona.
- Ukuthi asiwngcolisi amanzi noma usebe lolwandle



Manje sekuyisikhathi sokusebenza simunye sinenjongo. IKUSASA LETHU LILELE KUKO!



Ikhishwe yiMasifundise Development Trust
enhlonhlweni ka-Long Street no-Station Road,
Mowbray. Ucingo 021 685 4549. Umbikombani:
infocom@masifundise.org.za